**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA U-OPERATION HLASELA ESISONKE MHLAKA 24 MARCH 2012.**

Mphathi woHlelo;
Amakhosi aseNdlunkulu neziNduna zawo;
UMeya weNgwe;
Amakhansela wonke akhona;
Abamele amaqembu epolitiki;
Abamele izinhlaka zomphakathi ngokwehlukana kwazo;
Abezokugcinwa komthetho;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Abezindaba;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela.

Mangithathe leli thuba nginamukele ngibonge kinina nonke enikwazile ukuba yingxenye yalo mhlangano. Kodwa futhi mhlambe umuntu kumele ababonge bonke manje abantu baKwaZulu-Natal asebekhombise ukuba nentshisekelo enkulu yokwenza isifundazwe sethu sibe ngesiphephile.

Ngikusho lokhu ngoba akuyona indawo yokuqala lena ukuba siyihambele kulo mkhankaso wethu wokukhuluma nabantu ngezindaba zokuphepha noma zokulwa nobugebengu ezindaweni esihlala kuzona.

Esikuqaphelayo kakhulu manje ngukuthi yize lo mkhankaso wokulwa nobugebengu esiwubiza ngo-Operation Hlasela uqalwe nguHulumeni, kodwa imiphakathi sekuyiyona esiphumela obala isinxuse njengomNyango ukuba sizoqinisa ukusebenzisana nayo ngaphansi kwalo mkhankaso ukuze kuliwe nobugebengu ezindaweni zayo.

Unyaka odlule yiwona osenze samatasatasa kakhulu kusukela siwethulile lo mkhankaso ngonyaka ka-2010. Njengoba silapha eSisonke kuMasipala weNgwe nje namhlanje, sesibuya nakwamanye ama-District lapho besenza khona okufanayo.

Zonke lezi zindawo ebezikhungethwe ubugebengu ngezindlela ezahlukene, sithole ubuholi nemiphakathi yakhona izibophezela ngokusukuma isebenzisane noHulumeni ukuqinisekisa ukuthi senza izindawo zethu zibe okuhlalekayo kuzona.

Kukhona nezinye izindawo okuye kwenzeke ngingabe ngisafika kuzona mina uqobo njengoNgqongqoshe, lapho kusebenza amathimba ethu esesawatshala kuma-District wonke esifundazweni. Nalapha nje likhona ithimba elibhekene nesifunda saseSisonke, okuyilona elifinyelela nalapho ngingakwazanga mina.

Namhlanje-ke usuku esithi sifuna ngalo ukucobelelana ngemibono, sixoxe ukuze siqhamuke nezisombululo ezizosiza wonke umuntu walapha kwiNgwe noma iSisonke yonkana.

Le ndawo sitholile ukuthi nayo iphakathi kwalezo ezifana nase-Bergville nezinye zasemakhaya ezihlaselwe yilesi hlava samadoda amadala aphoqa izingane zamantombazane ezisafunda isikole ukuba azigane.

Siyakuthola futhi ukuthi lo mkhuba ohambisana nokuhlukumeza nokudlwengulwa kwezingane wenzeka ngaphandle kokubikwa, bese kuthi uma kwenzeka ubikwa kuvele kube yinto ekhulunywa ngendlela yesintu ezingeni lemindeni, okuba yinto engamsizi kangako lona ohlukumezekayo ngoba ugcina ethathwe umuntu angaziqokelanga yena ngokuthanda kwakhe.

Siphinde sathola futhi ukuthi indawo yaseNtsikeni isingeyesibili kweziphambili esifundazweni ngamacala okwebiwa kwemfuyo, ilandela izindawo ezifana nakoDumbe, eZululand.

Kodwa lokhu akusho ukuthi le ndawo ayinawo amanye amacala afana nokulinyazwa kwabantu, ukugqekezwa kwemizi, nodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane.

Okunye osekusisukumise phansi ngale ndawo, yimibiko esiyitholile yokuthi kuneqembu loqonda lapha eselizame ukuphazamisana nomsebenzi wamaphoyisa nalo lithi amaphoyisa aphazamisa ukusebenza kwalo. Kuthiwa kunemibiko efika nasemaKhosini yokuthi kunabantu abahlukunyezwa ngokushaywa, bathunjwe bakhokhiswe nezinhlawulo ezisuka ku-R4 000 kuya ku-R10 000.

Kuyasoleka-ke futhi ukuthi kunamanye amaKhosi anokwesekela izenzo zaleli qembu loqonda ngoba amanye amacala liwathethela khona ezinkantolo zamaKhosi.

Sizwile-ke futhi ukuthi ngo-November wonyaka odlule amaphoyisa agcine ebambe omunye wabaholi baleli qembu wabekwa icala lokutholakala nemfuyo yokwebiwa kanye nelenkohlakalo njengoba kwatholakala nezincwadi zamalungu omphakathi emagcekeni akhe.

Manje-ke thina sithi njengoHulumeni asikaze thina sifise ukuvuna isigebengu uma senze icala, kodwa phela njengezwe elinomthetho siyaye sikhuthaze abantu bakithi ukuthi basebenzise izinhlaka nemigudu esemthethweni uma kukhona abamsola ngokugcweleza emphakathini.

Iningi lenu elihlala lapha liyawazi-ke umthelela wezinkantolo zasehlathini njengoba bese kuyinto evamile ezindaweni zabantu abamnyama ngaphambi kokungena kukaHulumeni wentando yeningi, ikakhulukazi nangezikhathi zodlame, oluke lwagubuzela isifundazwe sethu.

Ukuzithathela umthetho ezandleni kugcina sekudale inkinga ngoba kwesinye isikhathi kuye kuthi uma sekubhekisiswa kutholakale ukuthi umuntu ubengenacala kodwa engeke esavuswa uma inkantolo yasehlathini imgwebe intambo.

Thina-ke vele nje uMthethosisekelo wethu awuhambisani nesigwebo sentambo, okusho ukuthi noma ngabe umuntu ubulawe enecala kodwa kumele kubekhona obekwa icala futhi ngokufa kwaloyo obetholwe inkantolo yehlathi enecala.

Kukona konke lokhu esesikuvezile manje, asazi-ke noma nina lapha nifuna ukwehluleka ukulandela ezinyathelweni zalezi zindawo esesizihambele nibumbane ninodwa bese nibambisana noHulumeni ekulweni nobugebengu ukuze kube nozinzo nenhlalakahle endaweni yenu.

Angazi noma nifuna ukuqopha umlando wokuthi nahlula ngisho sekufike uNgqongqoshe nangakwazi ukusukuma nithathe indawo yenu niyibeke eqophelweni elifanelekile kwezokuphepha ukuze nikwazi ukuthokozela inkululeko enayilwela kanzima, abanye abaze bayifela nangezikhathi zodlame olwalugubuzele izindawo zaseSisonke ekupheleni ko-1980 nasekuqaleni ko-1990.

Angazi noma anifuni yini ukubona abantu abafana noDkt Nkosazana Dlamini-Zuma onguNgqongqoshe wezaseKhaya, nimbone eziqhenya ngendawo aqhamuka kuyona.

Izindawo ezinjengalezi zinamathuba amahle kabi embonini yezokuvakasha engakhulisa umnotho walapha. Kungaba yihlazo elibi uma lawo mathuba eshabalaliswa yibo futhi abantu okumele kube yibona abawagcinayo.

NjengoNgqongqoshe ophathiswe nezokuThutha esifundazweni, sekwaba wumgomo wami ukuthi noma yikuphi lapho ngihamba khona, kumele ngikhulume nangomkhankaso wethu ka-Operation Val'ingozi esiwuqale ngonyaka odlule.

Siyaye siyichaze-ke le ndaba yokuthi ngo-Operation Val'ingozi sithi abantu mabakhulume nonembeza babo. Umyalezo esihlale siwubeka uthi: 'Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu'.

Siyazi-ke futhi ukuthi njengoba sesibheke ePhasikeni nje, kunabantu abazobe behambela izinkonzo abanye bevakashela izihlobo. Ezindaweni zasemakhaya-ke kuvame ukuba nabantu abathatha amashansi ngoba bazi ukuthi amaphoyisa awamaningi kakhulu emigwaqeni yakhona, bese bethwala abantu ngezimoto ezingekho esimweni.

Bese sishilo-ke emasontweni amabili edlule ngenkathi sethula uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni ngalesi sikhathi sePhasika ukuthi amaphoyisa ethu azonkanisa zonke izinkalo zesifundazwe.

Kodwa engibona kubaluleke kakhulu lapha ngukuba thina njengomphakathi sivumelane ukuthi angeke sivume ukuthwalwa njengamasaka amazambane ezimotweni. Ngeke sivume ukugibela izimoto ezingekho esimweni sokuba semgwaqeni. Ngeke sivume ukugibela imoto eshayelwa ngumuntu odakiwe.

Masinxuse-ke ukuthi abantu mabakhulume nonembeza babo uma besebenzisa umgwaqo noma beziqhubela impilo yabo yemihla ngemihla.

Siyayinxusa futhi imiphakathi ukuba isebenzisane namaphoyisa ekulweni nobugebengu bese iyawavikela futhi nawo amaphoyisa akithi.

Masiwasindise amaphoyisa – okungabavikeli bethu - ngokuthi sikhulume uma sinolwazi ngetulo lokubulawa kwephoyisa noma ubugebengu nje noma yibuphi.

Ngala mazwi sithi siyayivula inkundla ukuba kukhulunywe ngezinto ezizosiyisa phambili sifeze umgomo wethu wokuba silwe nobugebengu sivale izingozi, njengoba sekuyisikhathi sePhasika bese siqhubeka njalo kuze kube uKhisimusi futhi.

**Ngiyabonga**